# ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

## IPHEPHA LESIBILI (P2)

## Septhemba 2019

# MEMO

## IBANGA 12

**AMAMAKI: 70**

**Le memorandamu inamakhasi ayi-14**

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha

## ISIQEPHU A: INOVELI

## *ITHEMBA LAMI* – LF Mathenjwa

## UMBUZO 1

## ISIQESHANA A

1.1 Into eyayimphethe kabi ukuthi uNokulindela akazi ukuthi usengapha eMpangeni, yena selokhu amgcina eyiswe kwadokotela. √ (1)

1.2 "Engakalindi nasikhathi esingakanani emthonjeni." √ (1)

1.3 Wayehamba nezinsizwa zangakubo. √√ (2)

1.4 Ngiyavumelana, ngesikhathi uSandanezwe egula kakhulu emva kokubuya kwakhe eMpangeni, emzini kaNonkamfela, uSiwela wamthatha ngemoto wamyisa enyangeni uMbuyisa. Lokhu kuyasikhombisa ukuthi lo mndeni wawunobudlelwane obuhle nomakhelwane. √√ (2)

1.5 Umbhali usivezele izinhlangothi ezimbili zalo mlingiswa onguNomgedla:

- Simthola evezwe njengentombi eziphethe kahle futhi eyiqhikiza lezintombi endaweni. Abantu abaningi endaweni babemethemba. √
- Ngokolunye uhlangothi simthola enza izinto ephambene nokulunga ngesikhathi efakela uNokulindela umuthi wentando ayewuphathiswe uZabalaza. √ (2)

1.6.1 UZabalaza weyefuna/wayesejahe ukubona uNokulindela Ngokushesha. √√ (2)

1.6.2 Nisifice siphila singenazo izifo/Siphila/ingculaza. √√ (2)

1.7 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Waya kodokotela esibhedlela. √
- Wahambela izinyanga.√
- Waya kubathandazi. √ (2)

1.8 Wayephethwe yingculaza, ngakho-ke ukulashwa ngemithi yesintu kwakungeke kumsize nakancane. Kunokuba kumsize kwakubanga ukuthi isifo sibhebhetheke. √√
(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

1.9.1 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- USandanezwe wayesebenza esitimeleni zamanzi. √
- uSandanezwe wayesebenza eThekwini. √
- Wayeswenka ngesikhathi esasebenza eThekwini. √
- Ngesikhathi egula waya esibhedlela. √
- Sekwande nesifo sengculaza. √
- Konke lokhu kufakakazela ukuthi ungumuntu ophila esikhathini samanje.

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

1.9.2 Isingeniso sale noveli sihle ngoba:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Umbhali usethulela umlingiswa omkhulu. √
- Usitshela ngenkinga ebhekene nomlingiswa omkhulu. √
- Isingeniso siyamheha umfundi afise ukwazi ukuthi kazi iyozala nkomoni. √
- Siyabathola nabanje abalingiswa abaqavile futhi abanokuhlobana okuthize nomlingiswa omkhulu. √
- Siyasithola nesizinda. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi)

(2)

**[20]**

**KANYE**

**ISIQESHANA B**

1.10 Bangabangani. √ (1)

1.11 USandanezwe wayengakaze amtshele lutho ngale ndaba. √/ Abakubo kaSandanezwe/ izihlobo zikaSandanezwe zazingakaze zimbikele ngokweqa kwakhe esibhedlela aye enyangeni yaseMpangeni. √ (1)

1.12 Izimpendulo ziyokwehluka:

Cha, kwakungewona umqondo omuhle:
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo.

- Kwakumele amtshele uNokulindela njengengoduso yakhe ukuthi odokotela bathole ukuthi unesifo sengculaza. Lokhu kwakuzokwenza ukuthi uNokulindela abe nolwazi oluphelele ngesimo sempilo kaSandanezwe. √√/
- Kwakuzomsiza uNokulindela ukuthi abe nolwazi oluphelele ngaphambi kokuba athathe isinqumo sokuqhubeka/sokungaqhubeki nokuthandana noSandanezwe. √√/
- Isenzo sakhe sakhombisa ukungethembeki nokuzicabangela yena siqu sakhe. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi)

**NOMA**

Yebo, kwakungumqondo omuhle ngoba:

- UNokulindela wayezombalekela uma ezwa ukuthi uphethwe yingculaza. √√/
- Wayengakholelwa kulokho ayekutshelwa ngodokotela. √√/
- Wayengafuni ukuthi indaba yesifo esasimphethe idume esigodini sonke sangakubo. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

1.13 Kungcono ake ulinde azizwele ngaye ngoba ondaba bayathanda ukunonga inkulumo.√√ (2)

1.14 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- UNokulindela wayemthanda kakhulu uSandanezwe futhi ethembekile othandweni lwabo. √/
- USandanezwe naye wayemthanda uNokulindela kodwa wayengathembekile othandweni lwabo. √/
- USandanezwe wayeqonywe yizintombi eziningi ngesikhathi esebenza ezitimeleni zamanzi eThekwini. √/
- Kwathi nalapho odokotela sebemtshelile ukuthi unengculaza, yena wangamtshela uNokulindela. √/

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

1.15 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Abantu kumele bazifundise ukuthembeka othandweni lwabo. √√/
- Ukwethembeka othandweni kwenza ukuthi abantu bakwazi ukuzivikela bona kanye nezithandwa zabo ezifweni. √√/
- Abantu abangahlali othandweni noma sebebona ukuthi balinde umnyama ongenafu. √√/

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) **(2)**

1.16 Yebo siyahambisa ngoba:
Ingaphandle lale ncwadi linophawu olubomvu olusetshinziswa njengophawu lwengculaza kanti nomlingiswa omkhulu kule noveli uchitha isikhathi sakhe esiningi ehambela izibhedlela, izinyanga kanye nabathandazi ezama ukuzilapha sona lesi sifo esingalapheki. √√
(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

1.17 Ngangiyomeluleka ngokuthi:
Amaphuzu AMATHATHU lwalandelayo:
- Akakwamukele ukuthi uphethwe yisifo sengculaza esingalapheki. √/
- Akatshele umndeni nengoduso yakhe iqiniso lonke ngesifo esimphethe. √/
- Akathathe imishanguzo yokudambisa lesi sifo. √
- Akazivocavoce aphinde adle nokudla okunomsoco ukuze aphile isikhathi eside. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (3)

**[15]**

**[35]**

## UMBUZO 3

## UMSHADO-N. ZULU

## ISIQESHANA E

3.1 Ufuna ukwazi ukuthi uZenze ubabize kanjani abakhongi. √/ Ufuna ukwazi ukuthi kungani befune imali eningi kubakhongi. √ (1)

3.2 "Phela unqume yona leyo mali ababevumelene ngayo nabakithi." √ (1)

3.3 UBhatomu nezinsizwa ayehamba nazo ngemoto. √√ (2)

3.4 Yebo wayehlalisene kahle ngoba:
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Ngesikhathi kulwa uBhekani noBhatomu endlini kaTholakele omakhelwane baphuma bazolekelela. √√/
- Omakhelwane baze baxosha noBhatomu ngoba bebona ukuthi nguye osuse uchuku. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

3.5 Umveze engumlingiswa owenza izinto ezingalungile. Badayisa izidakamizwa baphinde bahwebe ngemali yomgunyathi. √√ (2)

3.6.1 Isisho esichaza ukuthi oTholakele babezitholela imali enkulu kuBhekani ngaphandle kokuyisebenzela.√√/ OTholakele babezitika ngemali kaBhekani bengayisebenzelanga. √√ (2)

3.6.2 Kusho ukuzama ukuphuma ebudlelwaneni bothando noTholakele. √√ (2)

3.7
- Waphatheka kabi mhla elunguze ngewinde ebona uTholakele noPamella bemuncana amabele. √
- UBhekani waphatheka kabi mhla efica uPamella ebala imali eningi endlini kaTholakele. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

3.8 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Kungenzeka ukuthi base benolwazi lokuthi bafunwa ngamaphoyisa ngakho-ke babesaba ukuvela emphakathini.√√/
- Babesazicwala kahle ukuze bafike sebebahle esontweni. √√/
- Izimoto zikanokusho ezazizobalanda zephuza ukufika. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

3.9.1
- UBhekani ungumlingiswa omkhulu kule ndaba. Siyathola ukuthi uBhekani wayefundile enguthisha okuyinto ehambisana nesikhathi samanje.√
- UBhekani wayengakholelwa emasikweni esintu okuyinto esivamisile kubantu abaphila esikhathini samanje. √
- UBhekani ulobola umfelokazi osazilile okuyinto engenziwa umuntu

ophila esikhathini samanje. √
(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

3.9.2 Isingeniso sale noveli sihle ngoba: (2)
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Umbhali usethulela umlingiswa omkhulu. √
- Usitshela ngenkinga ebhekene nomlingiswa omkhulu. √
- Isingeniso siyamheha umfundi afise ukwazi ukuthi kazi iyozala nkomoni. √
- Siyabathola nabanye abalingiswa abaqavile futhi abanokuhlobana okuthize nomlingiswa omkhulu. √
- Siyasithola nesizinda-imijondolo yaseNyawushane. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi)

**20**

3.10 Bayathandana. √ (1)

3.11 Wayephatheke kabi ngoba wayengalala ebusuku ehlushwa yiphupho lomyeni wakhe osewadlula emhlabeni. √ (1)

3.12 Cha kwakungewona umqondo omuhle:
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Umuntu wesifazane uma elotsholwa abakhongi baya ekhaya lapho ezalwa khona. √√
- Uma kunesizathu esikhulu esiphoqa ukuthi abakhongi bangayi kubo kowesifazane bathunyelwa emzini wesihlobo. √√
- Uma umuntu umlobolele kubo kungagwemeka ubugebengu obufana nalobu obenzeka kuBhekani. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

3.13 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Ubaba kaTholakele wasukuma phakathi esontweni wabuza imali Yamalobolo. √√/
- UTholakele, uPamella kanye noZenze baboshwa ngalolu suku. √√/
- Umshado awubange usaqhubeka emva kokutheleka kwamaphoyisa esontweni. √√/
- Ukufika emva kwesikhathi kukamakoti. √√ (2)

3.14 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Bobabili babengathembekile kwezothando kodwa uLindiwe wasezimisele ngokuguquka ezindleni zakhe ezigwegwile. √/
- UBhekani wakhetha ukuyolobola uTholakele yize uLindiwe wasekhulelwe ingane yakhe. √/
- UBhekani akamtshelanga uLindiwe ngesikhathi efika ezocela uxolo ukuthi wayesethandana noTholakele. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

3.15 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Ubogawula ubheke ukuze ungadlali amaqola. √√/

- Kumele umazisise kahle umuntu wesifazane ngaphambi kokuba umlobole. √√/
- Ubolalela iziyalo zabadala kanye nabangani uma bekuxwayisa. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

3.16 Yebo siyahambisa ngoba::

- Ikhava yale ncwadi inesithombe somuntu ogqoke isudi kanokusho eduze kwendlu yesonto, lokhu kuyahambisana nesihloko ngoba abantu abaningi uma beshada umshado omhlophe bagqoka amasudi baphinde bashadele esontweni. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

3.17 Ngangiyomeluleka ngokuthi:

- Angaxabani nabantu ngoba ebanga umuntu wesifazane. √
- Ukulwisana noBhekani ngeke kwenze ukuthi uTholakele amthande. √
- Uma uTholakele engamthandi kumele amyeke ngoba sekuyizikhathi zamalungelo manje umuntu wesifazane akasaphoqwa ngento angayifuni. √
- Uma eqhubeka nokulwa uzoboshwa. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (3)

**15**

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 35**

**ISIQEPHU B: UMDLALO**
**UMBUZO 4**

***ABABULALI BENYATHI* – RM Mngadi**

**ISIQESHANA G**

4.1 Ujatshuliswa ukuthi usengumama oyinkosikazi yekhansela. √/
Bonke abafazi bakule ndawo base bembingelela sengathi babona inkosikazi yenkosi. √/ UDuma wayesezohola imali eningi. √/ UDuma useyakhulekelwa. √ (1)

4.2 Yingoba yena wakhethwa ngabantu. √ (1)

4.3 Yingoba ubona sengathi uMaShezi ujatshuliswa wubala, ujabulela into encane. √√ (2)

4.4 Abantu abakhuluma izindaba ezibucayi bezifafaza ngokungafanele. √√
(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

4.5 Yebo siyahambisana ngoba:
Isihloko salo mdlalo sithathelwe kusaga esithi- **Ababulali benyathi balala ucwayimbana**.
Lesi saga sisho ukuthi abantu abenza izinto ezinkulu bayazifihla. Bavamise ukubheka phansi kubonakale ngezenzo kuphela. Abantu abangabaqhathi kulo mdlalo babesebenza busululu baze bavele obala ekugcineni .√√/
Ngakolunye uhlangothi uMaShezi noMaNgema babesebenza buthule

ukulamula impi. √√
(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

4.6 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- UNogada wafica uDuma, uMaShezi kanye noMbandlwa. √/
- Walubika udaba eze ngalo kodwa uDuma wasinqaba isicelo senkosi sokuba babonane. √/
- UMaShezi wazama ukuncenga uDuma ukuba ahambe aye komkhulu kodwa kwanhlanga zimuka nomoya. √/
- UDuma wakhetha ukulalela uMbandlwa kunokulalela umkakhe. √/
- UMaShezi waxosha uMbandlwa emzini wakhe. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

4.7 Kwaba nomthelela omuhle:
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Wakwazi ukuphephisa impilo yakhe. √√/
- Wayesecabanga nokulaxaza isikhundla sakhe phansi, kodwa emva kokuxoxisana nosayitsheni waqhubeka nomsebenzi wobukhansela. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

4.8 Umlandi usichazela ngokwenzeka enkundleni yokudlalela, iminyakazo yabalingiswa kanye nemizwa yabo./imicabango yabo. √√ (2)

4.9 Yebo kwakufanele:
Umholi oqotho futhi onobuhlakani ubeka umphakathi phambili, ukuqhubeka nempi kwakungeke kuwusize ngalutho umphakathi. √√/ Le mpi yayiphazamisa intuthuko kanye nenhlalakahle yomphakathi ngakho-ke kwakumele iqedwe impi kungaze konakale kakhulu. √√ (2)

4.10.1 D√/ MaNgema. √
4.10.2 A √/ UShandu. √
4.10.3 B √/ UDlamini √
4.10.4 C √/ UNogada √ (4)

[20]

**KANYE**

**ISIQESHANA H**

4.11 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- UDuma akayihloniphi inkosi, akathathisi enkosini uma ezokwenza imihlangano endaweni lokhu kwenza ukuthi umphakathi uhlukane phakathi. Lesi simo-ke sasingadala ukuthi kuphinde kuqubuke umbedukazwe wodlame kule ndawo.√√/
- UDuma usebenzisa isikhundla sakhe ukutshengisa amandla akhe. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

4.12.1 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Lo mdlalo wenzeka endaweni yasemakhaya, indawo ibuswa yinkosi,

kukhona izinduna kanye nonogada benkosi. √/
- Abantu bafuye izinkomo. √/
- Intuthuko ayibonwa. Awukho ugesi, umgwaqo uwubhuqu futhi abantu bakha amanzi emfuleni.

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

4.12.2 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Lo mdlalo wenzeka esikhathini samanje sombuso wentando yeningi, sithola ukuthi wenzeka ngesikhathi sezinguquko eNingizimu Afrika. √/
- Abantu base benamakhansela abawavotele ngentando yeningi. √/
- Kukhona nohulumeni wobumbano. √

Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

4.13 Ummeleli kulo mdlalo uDuma ngoba nguye ofuna ukuletha intuthuko kodwa uvinjwa yinkosi. √√ (2)

4.14 Yebo ngiyavumelana.
Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
- Ekuqaleni komdlalo bobabili babenakho ukusebesenzisa ulaka uma beluleka abayeni babo. √/
- UMaShezi wayehlohla uDuma ukuba angayihloniphi inkosi. √/
- UMaShezi wayetshela uDuma ukuthi wavotelwa ngabantu ngakho-ke inkosi kufanele imyeke asebenze ngokukhululeka endaweni. √/
- UMaNgema naye ngasekuqaleni kwencwadi wayelokhu egxeka uhulumeni ngokufaka intando yeningi ezindaweni zasemakhaya. √/
- Ekugcineni uMaNgema ubonisa inkosi ukuthi ayehlele ngezansi ixoxisane noDuma. √/
- UMaNgema waphinda futhi wahlangana noMaShezi babambisana okubhuleni umlilo wodlame. √/

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi)

(3)

4.15 Yebo ngiyagculiseka.
Isixazululo kulo mdlalo kwaba uxolo. Inkosi uShandu waze wanikeza uDuma ikhosombana ayezosebenzela kulo ukuze ahlele izinhlelo zentuthuko. Lokhu kwakuzoba wusizo olukhulu kulo mphakathi. √√
(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

4.16 Yebo uphumelele:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- UDlamini watshela inkantolo ukuthi yena akamshayanga uMbandlwa kepha wamsikaza ngenduku maqede yena wagxuma wazishayisa echosheni lobonda lwekilasi. √
- Amadoda ayehamba noDlamini amfakazela kulokhu akusho enkantolo. √
- UMbandlwa wayengenaye ufakazi ngoba ikhansela nezethameli zomhlangano zazingaphakathi ekilasini. √
- UDlamini wayenommeli onobuhlakani. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

15

**[35]**

**UMBUZO 5**

**ICALA KALIBOLI–VM Mbhele**

**ISIQESHANA I**

5.1 Uze kummeli wakhe uNtshangase ngodaba lwezinto okuthiwa zenzeka emzini wakhe. √ (1)

5.2 Ubona sengathi impilo kaMbhele isengozini. √ (1)

5.3 Usho la mazwi ngoba...
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Umkakhe useshwa ngamaphoyisa kodwa uyamfihlela. √√
- Emzini wakhe kuthiwa kufika izigebengu nezibhamu emini kubona wonke umuntu kodwa umkakhe akamtsheli lutho. √√ (2)

5.4 USonto wabuya phakathi nobusuku wathi unina ubengaguli, bebedlala ngaye nje ngoba befuna ukumbona. Kwathi lapho uMbhele embuza ukuthi yini engasalanga eselala wathi akuvumanga. √√ (2)

5.5 Yebo siyambisana:
Isihloko salo mdlalo sithi, "Icala Kaliboli." –Lokhu kusho ukuthi Icala noma lingalidala kangakanani alipheli. Esiphethweni sale ncwadi sithola umlingiswa omkhulu onguSonto eboshwa ngenxa yamacala akhe. Amanye alamacala wayewenze kudala esezitshela ukuthi ngeke aphinde avuke. √√ (2)

5.6 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Kwafika uMthofi ngezikhathi zasekuseni kungazelele muntu. √/
- Wakhomba uSonto ngesibhamu efuna imali yakhe. √/
- Wasongela uSonto ngokuthi uzombulala uma engamkhokheli imali amkweleta yona. √/
- USonto wazincengela wacela ukuba uMthofi amnikeze ithuba lokuyizama imali. √/
- UMthofi wahamba wathi uzobuya emva kwezinsukwana ezolanda imali yakhe. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

5.7 Kwaba nomthelela omubi:
UZinhle wayezoqala impilo entsha yokuhlala endaweni yasemakhaya.√√/
UZinhle wayezokhula ngaphandle kwabazali bakhe bobabili. √√
(Nokunye okunembayo okuyshiwo umfundi) (2)

5.8 Umlandi usichazela ngokwenzeka enkundleni yokudlalela, iminyakazo

yabalingiswa kanye nemizwa yabo. /nemicabango yabo. √√ (2)

5.9 Yebo kwakufanele-uNhleko wayelandela imiyalelo yabamphethe emsebenzini ababemtshele ukuthi angavumeli muntu ukuba angene kuleli gumbi. √√/ UNhleko wayethatha uSonto njengomunye wabasolwa kuleli cala ngakho-ke ukubona kwakhe umfundisi kwakungenzeka kuphazamise uphenyo. √√ (2)

5.10.1 D √/ UMbhele. √
5.10.2 C √/ UDlamini. √
5.10.3 B √/ Isigebengu. √
5.10.4 A √/ Unobhala. √ (4)

**KANYE**

**ISIQESHANA-J**

5.11 Inkantolo yamthola engenacala uMaNsibande. √√ (2)

5.12.1 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Lo mdlalo wenzeka endaweni yasedolobheni, impilo ephilwa kule ndawo igcwele ubugebengu. √/
- Izingane zifunda ezikoleni ezixube izinhlanga. √/
- Izindlu zakhelene zisondelene, uDlamini umakhelwane uyakwazi ukubona konke okwenzekayo kwaMbhele. √/

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

5.12.2 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Lo mdlalo wenzeka esikhathini samanje, abantu bahamba ngezimoto futhi baphatha nezibhamu. √/
- Abantu besifazane nabo sebeshayela izimoto. √/
- Kulula ukubulala abantu, kanti izikhali ezisetshenziswayo izibhamu. √

Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

5.13 Ummeleli kulo mdlalo nguSonto, konke okwenzekayo kuzungeza kuye. Uvezwe njengomlingiswa oyisigebengu ongenza noma yini ukuze athole imali. √√ (2)

5.14 Ngiyavumela ngoba:
Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:

- Izigebengu zase zicabanga ukuthumba uZinhle ukuze ziphoqe uSonto ukuthi azikhokhele imali yazo. √/
- Kwakungenzeka ukuthi izigebengu zifike zibe nodlame kwaMbhele bese kudubuleka noZinhle. √/
- Kwakungenzeka ukuthi oMthofi bazame ukudubula uMbhele kanti uhamba noZinhle.√/
- Kwakungenzeka ukuthi izigebengu zibulale uZinhle ngoba zifuna ukuzwisa uSonto ubuhlungu. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

5.15 Yebo ngiyagculiseka:

Bonke abenzi bobubi baboshwa bagwetshwa kanzima. √√/
(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

5.16 Yebo, uphumelele:

Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- UMaNsibande wayekhona ngesikhathi kubalwa imali yomnikelo. √/
- UMaNsibande nguye owaqhamuka nombono wokuthi imali ihambe nomfundisi. √/
- UMaNsibande wagibelisa umfundisi emotweni yakhe ngalolu suku. √/
- Ubufakazi ayenabo uNhleko ngaleso sikhathi babukhomba ukuthi uMaNsibande waba ngumuntu wokugcina ukubona umfundisi ngobusuku adutshulwa ngabo. √ (2)

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi)

[15]

**35**

## ISIQEPHU D: IZINKONDLO

## AMAHLOKOHLOKO/IZINKWAZI ZOTHUKELA – EJ Mhlanga noJJ Thwala

## UMBUZO 8

8.1 **Inhlansi Yakho Thuli-SB Mlambo**

8.1.1 UNontando. √ (1)

8.1.2 Inkungu noma umoya onentuthu owenza umuntu angakwazi ukubona kahle. √ (1)

8.1.3.1 Endimeni yesibili kukhona ukuxhumana siqalo. √
Isib:
<u>Ngakubona</u> buqamama.
<u>Ngakubona</u> uyinhlansana. √ (2)

8.1.3.2 Imvumelwano siqalo. √
Isib:
<u>Nga</u>buzwa ubulangulangu
<u>Nga</u>ziba, lakhula ilangabi. √ (2)

8.1.4 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:

- Imbongi yehluleka ukuluziba uthando eyayilizwa ngaphakathi. √
- Uthando luka Thuli lwakhula kakhulu enhliziyweni yembongi. √
- Imbongi yazidela amathambo, yize yayinokwesaba, yatshela uThuli ngemizwa yayo. √
- Yalungisa amazwi ajulile eyayizonqoba ngawo uThuli. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (3)

8.1.5 OKUBILI kulokhu okulandelayo:
- Ingedla. √/
- Iwisa. √/
- Isijula. √ (2)

8.1.6. Yokhela, yalanguz' ilangabi. √
Ngaziba, lakhula ilangabi. √ (2)

8.1.7 Umoya wale nkondlo uxubile-Ekuqaleni kwenkondlo sithola umoya wokukhathazeka ngenxa yokuthi imbongi ishiwe nguNontando, kanti uma isiya ngasekupheleni inkondlo umoya uyashintsha kube ngowokujabula ngoba imbongi isizuze uThuli. √√ (2)

8.1.8 Yebo, iphumelele;
Indikimba yale nkondlo uthando. √
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Imbongi ikhathazekile ngenxa yokulahlekelwa ngumuntu ebithandana naye. √
- Iyalila ngenxa yokulahlekelwa. √
- Yize yayiphatheke kabi ngokulahlekelwa kodwa yavuka yazithatha yaphinde yaluthola uthando olusha. √
- Lokhu kuyasitshengisa ukuthi akulahlwa mbeleko ngakufelwa uma kuya kwezothando. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (3)

[18]

**KANYE**

8.2 **Ngingoweliba**

8.2.1 Iliba. √ (1)

8.2.2 Mibili. √ (1)

8.2.3 UJesu. √ (1)

8.2.4 Izihlobo nabangane. √√ (2)

8.2.5 Ukuhlonipha.√√/Isihlonipho. √√ (2)

8.2.6 Ukuvuka kwabafileyo.√ √
(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

8.2.7 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Izihlobo nabangani bakhuluma ngokulahlekelwa kwaba ngenxa yokufa kwembongi.√
- Bayofakazelana basho izinto ezinhle ngembongi. √
- Yize kunjalo imbongi iyakugcizelela ukuthi wonke umuntu umelwe ngukufa, √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi)

(2)

(a) Umphefumulo awunandawo emhlabeni. √√ (2)

(b) Kusho ukonakala kwento engenakulungiswa, ukufa komuntu akuyona inking engaxazululeka. √√ (2)

8.2.8 **Yebo kukhona abangakuzuza:** Inkondlo iyasivezela ngokusobala ukuthi kuhle sinyathele ngesizotha lapha emhlabeni ngoba ngelinye ilanga sizofa. √√ (2)

[17]

**AMAMAKI ESIQEPHU D: 35**
**AMAMAKI ESEWONKE: 70**

**ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)**

**IPHEPHA LESIBILI (P2)**

**Septhemba 2019**

# MEMO

## IBANGA 12

**AMAMAKI: 70**

**Le memorandamu inamakhasi ayi-14**

## ISIQEPHU A: INOVELI

## *ITHEMBA LAMI* – LF Mathenjwa

## UMBUZO 1

## ISIQESHANA A

1.1 Into eyayimphethe kabi ukuthi uNokulindela akazi ukuthi usengapha eMpangeni, yena selokhu amgcina eyiswe kwadokotela. √ (1)

1.2 "Engakalindi nasikhathi esingakanani emthonjeni." √ (1)

1.3 Wayehamba nezinsizwa zangakubo. √√ (2)

1.4 Ngiyavumelana, ngesikhathi uSandanezwe egula kakhulu emva kokubuya kwakhe eMpangeni, emzini kaNonkamfela, uSiwela wamthatha ngemoto wamyisa enyangeni uMbuyisa. Lokhu kuyasikhombisa ukuthi lo mndeni wawunobudlelwane obuhle nomakhelwane. √√ (2)

1.5 Umbhali usivezele izinhlangothi ezimbili zalo mlingiswa onguNomgedla:

- Simthola evezwe njengentombi eziphethe kahle futhi eyiqhikiza lezintombi endaweni. Abantu abaningi endaweni babemethemba. √
- Ngokolunye uhlangothi simthola enza izinto ephambene nokulunga ngesikhathi efakela uNokulindela umuthi wentando ayewuphathiswe uZabalaza. √ (2)

1.6.1 UZabalaza weyefuna/wayesejahe ukubona uNokulindela Ngokushesha. √√ (2)

1.6.2 Nisifice siphila singenazo izifo/Siphila/ingculaza. √√ (2)

1.7 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Waya kodokotela esibhedlela. √
- Wahambela izinyanga.√
- Waya kubathandazi. √ (2)

1.8 Wayephethwe yingculaza, ngakho-ke ukulashwa ngemithi yesintu kwakungeke kumsize nakancane. Kunokuba kumsize kwakubanga ukuthi isifo sibhebhetheke. √√
(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

1.9.1 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- USandanezwe wayesebenza esitimeleni zamanzi. √
- uSandanezwe wayesebenza eThekwini. √
- Wayeswenka ngesikhathi esasebenza eThekwini. √
- Ngesikhathi egula waya esibhedlela. √
- Sekwande nesifo sengculaza. √
- Konke lokhu kufakakazela ukuthi ungumuntu ophila esikhathini samanje.

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

1.9.2 Isingeniso sale noveli sihle ngoba:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Umbhali usethulela umlingiswa omkhulu. √
- Usitshela ngenkinga ebhekene nomlingiswa omkhulu. √
- Isingeniso siyamheha umfundi afise ukwazi ukuthi kazi iyozala nkomoni. √
- Siyabathola nabanje abalingiswa abaqavile futhi abanokuhlobana okuthize nomlingiswa omkhulu. √
- Siyasithola nesizinda. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi)

(2)

**[20]**

**KANYE**

**ISIQESHANA B**

1.10 Bangabangani. √ (1)

1.11 USandanezwe wayengakaze amtshele lutho ngale ndaba. √/ Abakubo kaSandanezwe/ izihlobo zikaSandanezwe zazingakaze zimbikele ngokweqa kwakhe esibhedlela aye enyangeni yaseMpangeni. √ (1)

1.12 Izimpendulo ziyokwehluka:

Cha, kwakungewona umqondo omuhle:
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo.

- Kwakumele amtshele uNokulindela njengengoduso yakhe ukuthi odokotela bathole ukuthi unesifo sengculaza. Lokhu kwakuzokwenza ukuthi uNokulindela abe nolwazi oluphelele ngesimo sempilo kaSandanezwe. √√/
- Kwakuzomsiza uNokulindela ukuthi abe nolwazi oluphelele ngaphambi kokuba athathe isinqumo sokuqhubeka/sokungaqhubeki nokuthandana noSandanezwe. √√/
- Isenzo sakhe sakhombisa ukungethembeki nokuzicabangela yena siqu sakhe. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi)

**NOMA**

Yebo, kwakungumqondo omuhle ngoba:

- UNokulindela wayezombalekela uma ezwa ukuthi uphethwe yingculaza. √√/
- Wayengakholelwa kulokho ayekutshelwa ngodokotela. √√/
- Wayengafuni ukuthi indaba yesifo esasimphethe idume esigodini sonke sangakubo. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

1.13 Kungcono ake ulinde azizwele ngaye ngoba ondaba bayathanda ukunonga inkulumo.√√ (2)

1.14 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- UNokulindela wayemthanda kakhulu uSandanezwe futhi ethembekile othandweni lwabo. √/
- USandanezwe naye wayemthanda uNokulindela kodwa wayengathembekile othandweni lwabo. √/
- USandanezwe wayeqonywe yizintombi eziningi ngesikhathi esebenza ezitimeleni zamanzi eThekwini. √/
- Kwathi nalapho odokotela sebemtshelile ukuthi unengculaza, yena wangamtshela uNokulindela. √/

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

1.15 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Abantu kumele bazifundise ukuthembeka othandweni lwabo. √√/
- Ukwethembeka othandweni kwenza ukuthi abantu bakwazi ukuzivikela bona kanye nezithandwa zabo ezifweni. √√/
- Abantu abangahlali othandweni noma sebebona ukuthi balinde umnyama ongenafu. √√/

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) **(2)**

1.16 Yebo siyahambisa ngoba:
Ingaphandle lale ncwadi linophawu olubomvu olusetshinziswa njengophawu lwengculaza kanti nomlingiswa omkhulu kule noveli uchitha isikhathi sakhe esiningi ehambela izibhedlela, izinyanga kanye nabathandazi ezama ukuzilapha sona lesi sifo esingalapheki. √√
(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

1.17 Ngangiyomeluleka ngokuthi:
Amaphuzu AMATHATHU lwalandelayo:
- Akakwamukele ukuthi uphethwe yisifo sengculaza esingalapheki. √/
- Akatshele umndeni nengoduso yakhe iqiniso lonke ngesifo esimphethe. √/
- Akathathe imishanguzo yokudambisa lesi sifo. √
- Akazivocavoce aphinde adle nokudla okunomsoco ukuze aphile isikhathi eside. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (3)

**[15]**

**[35]**

**UMBUZO 3**

**UMSHADO-N. ZULU**

**ISIQESHANA E**

3.1 Ufuna ukwazi ukuthi uZenze ubabize kanjani abakhongi. √/ Ufuna ukwazi ukuthi kungani befune imali eningi kubakhongi. √ (1)

3.2 "Phela unqume yona leyo mali ababevumelene ngayo nabakithi." √ (1)

3.3 UBhatomu nezinsizwa ayehamba nazo ngemoto. √√ (2)

3.4 Yebo wayehlalisene kahle ngoba:
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Ngesikhathi kulwa uBhekani noBhatomu endlini kaTholakele omakhelwane baphuma bazolekelela. √√/
- Omakhelwane baze baxosha noBhatomu ngoba bebona ukuthi nguye osuse uchuku. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

3.5 Umveze engumlingiswa owenza izinto ezingalungile. Badayisa izidakamizwa baphinde bahwebe ngemali yomgunyathi. √√ (2)

3.6.1 Isisho esichaza ukuthi oTholakele babezitholela imali enkulu kuBhekani ngaphandle kokuyisebenzela.√√/ OTholakele babezitika ngemali kaBhekani bengayisebenzelanga. √√ (2)

3.6.2 Kusho ukuzama ukuphuma ebudlelwaneni bothando noTholakele. √√ (2)

3.7
- Waphatheka kabi mhla elunguze ngewinde ebona uTholakele noPamella bemuncana amabele. √
- UBhekani waphatheka kabi mhla efica uPamella ebala imali eningi endlini kaTholakele. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

3.8 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Kungenzeka ukuthi base benolwazi lokuthi bafunwa ngamaphoyisa ngakho-ke babesaba ukuvela emphakathini.√√/
- Babesazicwala kahle ukuze bafike sebebahle esontweni. √√/
- Izimoto zikanokusho ezazizobalanda zephuza ukufika. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

3.9.1
- UBhekani ungumlingiswa omkhulu kule ndaba. Siyathola ukuthi uBhekani wayefundile enguthisha okuyinto ehambisana nesikhathi samanje.√
- UBhekani wayengakholelwa emasikweni esintu okuyinto esivamisile kubantu abaphila esikhathini samanje. √
- UBhekani ulobola umfelokazi osazilile okuyinto engenziwa umuntu

ophila esikhathini samanje. √
(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

3.9.2 Isingeniso sale noveli sihle ngoba: (2)
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Umbhali usethulela umlingiswa omkhulu. √
- Usitshela ngenkinga ebhekene nomlingiswa omkhulu. √
- Isingeniso siyamheha umfundi afise ukwazi ukuthi kazi iyozala nkomoni. √
- Siyabathola nabanye abalingiswa abaqavile futhi abanokuhlobana okuthize nomlingiswa omkhulu. √
- Siyasithola nesizinda-imijondolo yaseNyawushane. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi)

**20**

3.10 Bayathandana. √ (1)

3.11 Wayephatheke kabi ngoba wayengalala ebusuku ehlushwa yiphupho lomyeni wakhe osewadlula emhlabeni. √ (1)

3.12 Cha kwakungewona umqondo omuhle:
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Umuntu wesifazane uma elotsholwa abakhongi baya ekhaya lapho ezalwa khona. √√
- Uma kunesizathu esikhulu esiphoqa ukuthi abakhongi bangayi kubo kowesifazane bathunyelwa emzini wesihlobo. √√
- Uma umuntu umlobolele kubo kungagwemeka ubugebengu obufana nalobu obenzeka kuBhekani. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

3.13 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Ubaba kaTholakele wasukuma phakathi esontweni wabuza imali Yamalobolo. √√/
- UTholakele, uPamella kanye noZenze baboshwa ngalolu suku. √√/
- Umshado awubange usaqhubeka emva kokutheleka kwamaphoyisa esontweni. √√/
- Ukufika emva kwesikhathi kukamakoti. √√ (2)

3.14 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Bobabili babengathembekile kwezothando kodwa uLindiwe wasezimisele ngokuguquka ezindleni zakhe ezigwegwile. √/
- UBhekani wakhetha ukuyolobola uTholakele yize uLindiwe wasekhulelwe ingane yakhe. √/
- UBhekani akamtshelanga uLindiwe ngesikhathi efika ezocela uxolo ukuthi wayesethandana noTholakele. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

3.15 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Ubogawula ubheke ukuze ungadlali amaqola. √√/

- Kumele umazisise kahle umuntu wesifazane ngaphambi kokuba umlobole. √√/
- Ubolalela iziyalo zabadala kanye nabangani uma bekuxwayisa. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

3.16 Yebo siyahambisa ngoba::

- Ikhava yale ncwadi inesithombe somuntu ogqoke isudi kanokusho eduze kwendlu yesonto, lokhu kuyahambisana nesihloko ngoba abantu abaningi uma beshada umshado omhlophe bagqoka amasudi baphinde bashadele esontweni. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

3.17 Ngangiyomeluleka ngokuthi:

- Angaxabani nabantu ngoba ebanga umuntu wesifazane. √
- Ukulwisana noBhekani ngeke kwenze ukuthi uTholakele amthande. √
- Uma uTholakele engamthandi kumele amyeke ngoba sekuyizikhathi zamalungelo manje umuntu wesifazane akasaphoqwa ngento angayifuni. √
- Uma eqhubeka nokulwa uzoboshwa. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (3)

**15**

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 35**

**ISIQEPHU B: UMDLALO**
**UMBUZO 4**

***ABABULALI BENYATHI* – RM Mngadi**

**ISIQESHANA G**

4.1 Ujatshuliswa ukuthi usengumama oyinkosikazi yekhansela. √/
Bonke abafazi bakule ndawo base bembingelela sengathi babona inkosikazi yenkosi. √/ UDuma wayesezohola imali eningi. √/ UDuma useyakhulekelwa. √ (1)

4.2 Yingoba yena wakhethwa ngabantu. √ (1)

4.3 Yingoba ubona sengathi uMaShezi ujatshuliswa wubala, ujabulela into encane. √√ (2)

4.4 Abantu abakhuluma izindaba ezibucayi bezifafaza ngokungafanele. √√
(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

4.5 Yebo siyahambisana ngoba:
Isihloko salo mdlalo sithathelwe kusaga esithi- **Ababulali benyathi balala ucwayimbana.**
Lesi saga sisho ukuthi abantu abenza izinto ezinkulu bayazifihla. Bavamise ukubheka phansi kubonakale ngezenzo kuphela. Abantu abangabaqhathi kulo mdlalo babesebenza busululu baze bavele obala ekugcineni .√√/
Ngakolunye uhlangothi uMaShezi noMaNgema babesebenza buthule

ukulamula impi. √√
(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

4.6 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- UNogada wafica uDuma, uMaShezi kanye noMbandlwa. √/
- Walubika udaba eze ngalo kodwa uDuma wasinqaba isicelo senkosi sokuba babonane. √/
- UMaShezi wazama ukuncenga uDuma ukuba ahambe aye komkhulu kodwa kwanhlanga zimuka nomoya. √/
- UDuma wakhetha ukulalela uMbandlwa kunokulalela umkakhe. √/
- UMaShezi waxosha uMbandlwa emzini wakhe. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

4.7 Kwaba nomthelela omuhle:
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Wakwazi ukuphephisa impilo yakhe. √√/
- Wayesecabanga nokulaxaza isikhundla sakhe phansi, kodwa emva kokuxoxisana nosayitsheni waqhubeka nomsebenzi wobukhansela. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

4.8 Umlandi usichazela ngokwenzeka enkundleni yokudlalela, iminyakazo yabalingiswa kanye nemizwa yabo./imicabango yabo. √√ (2)

4.9 Yebo kwakufanele:
Umholi oqotho futhi onobuhlakani ubeka umphakathi phambili, ukuqhubeka nempi kwakungeke kuwusize ngalutho umphakathi. √√/ Le mpi yayiphazamisa intuthuko kanye nenhlalakahle yomphakathi ngakho-ke kwakumele iqedwe impi kungaze konakale kakhulu. √√ (2)

4.10.1 D√/ MaNgema. √
4.10.2 A √/ UShandu. √
4.10.3 B √/ UDlamini √
4.10.4 C √/ UNogada √ (4)

[20]

**KANYE**

**ISIQESHANA H**

4.11 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- UDuma akayihlonipi inkosi, akathathisi enkosini uma ezokwenza imihlangano endaweni lokhu kwenza ukuthi umphakathi uhlukane phakathi. Lesi simo-ke sasingadala ukuthi kuphinde kuqubuke umbedukazwe wodlame kule ndawo.√√/
- UDuma usebenzisa isikhundla sakhe ukutshengisa amandla akhe. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

4.12.1 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Lo mdlalo wenzeka endaweni yasemakhaya, indawo ibuswa yinkosi,

kukhona izinduna kanye nonogada benkosi. √/
- Abantu bafuye izinkomo. √/
- Intuthuko ayibonwa. Awukho ugesi, umgwaqo uwubhuqu futhi abantu bakha amanzi emfuleni.

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

4.12.2 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Lo mdlalo wenzeka esikhathini samanje sombuso wentando yeningi, sithola ukuthi wenzeka ngesikhathi sezinguquko eNingizimu Afrika. √/
- Abantu base benamakhansela abawavotele ngentando yeningi. √/
- Kukhona nohulumeni wobumbano. √

Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

4.13 Ummeleli kulo mdlalo uDuma ngoba nguye ofuna ukuletha intuthuko kodwa uvinjwa yinkosi. √√ (2)

4.14 Yebo ngiyavumelana.
Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
- Ekuqaleni komdlalo bobabili babenakho ukusebesenzisa ulaka uma beluleka abayeni babo. √/
- UMaShezi wayehlohla uDuma ukuba angayihloniphi inkosi. √/
- UMaShezi wayetshela uDuma ukuthi wavotelwa ngabantu ngakho-ke inkosi kufanele imyeke asebenze ngokukhululeka endaweni. √/
- UMaNgema naye ngasekuqaleni kwencwadi wayelokhu egxeka uhulumeni ngokufaka intando yeningi ezindaweni zasemakhaya. √/
- Ekugcineni uMaNgema ubonisa inkosi ukuthi ayehlele ngezansi ixoxisane noDuma. √/
- UMaNgema waphinda futhi wahlangana noMaShezi babambisana okubhuleni umlilo wodlame. √/

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi)
(3)

4.15 Yebo ngiyagculiseka.
Isixazululo kulo mdlalo kwaba uxolo. Inkosi uShandu waze wanikeza uDuma ikhosombana ayezosebenzela kulo ukuze ahlele izinhlelo zentuthuko. Lokhu kwakuzoba wusizo olukhulu kulo mphakathi. √√
(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

4.16 Yebo uphumelele:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- UDlamini watshela inkantolo ukuthi yena akamshayanga uMbandlwa kepha wamsikaza ngenduku maqede yena wagxuma wazishayisa echosheni lobonda lwekilasi. √
- Amadoda ayehamba noDlamini amfakazela kulokhu akusho enkantolo. √
- UMbandlwa wayengenaye ufakazi ngoba ikhansela nezethameli zomhlangano zazingaphakathi ekilasini. √
- UDlamini wayenommeli onobuhlakani. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

15

**[35]**

## UMBUZO 5

## ICALA KALIBOLI–VM Mbhele

### ISIQESHANA I

5.1 Uze kummeli wakhe uNtshangase ngodaba lwezinto okuthiwa zenzeka emzini wakhe. √ (1)

5.2 Ubona sengathi impilo kaMbhele isengozini. √ (1)

5.3 Usho la mazwi ngoba...
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Umkakhe useshwa ngamaphoyisa kodwa uyamfihlela. √√
- Emzini wakhe kuthiwa kufika izigebengu nezibhamu emini kubona wonke umuntu kodwa umkakhe akamtsheli lutho. √√ (2)

5.4 USonto wabuya phakathi nobusuku wathi unina ubengaguli, bebedlala ngaye nje ngoba befuna ukumbona. Kwathi lapho uMbhele embuza ukuthi yini engasalanga eselala wathi akuvumanga. √√ (2)

5.5 Yebo siyambisana:
Isihloko salo mdlalo sithi, "Icala Kaliboli." –Lokhu kusho ukuthi Icala noma lingalidala kangakanani alipheli. Esiphethweni sale ncwadi sithola umlingiswa omkhulu onguSonto eboshwa ngenxa yamacala akhe. Amanye alamacala wayewenze kudala esezitshela ukuthi ngeke aphinde avuke. √√ (2)

5.6 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Kwafika uMthofi ngezikhathi zasekuseni kungazelele muntu. √/
- Wakhomba uSonto ngesibhamu efuna imali yakhe. √/
- Wasongela uSonto ngokuthi uzombulalala uma engamkhokheli imali amkweleta yona. √/
- USonto wazincengela wacela ukuba uMthofi amnikeze ithuba lokuyizama imali. √/
- UMthofi wahamba wathi uzobuya emva kwezinsukwana ezolanda imali yakhe. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

5.7 Kwaba nomthelela omubi:
UZinhle wayezoqala impilo entsha yokuhlala endaweni yasemakhaya.√√/
UZinhle wayezokhula ngaphandle kwabazali bakhe bobabili. √√
(Nokunye okunembayo okuyshiwo umfundi) (2)

5.8 Umlandi usichazela ngokwenzeka enkundleni yokudlalela, iminyakazo

yabalingiswa kanye nemizwa yabo. /nemicabango yabo. √√ (2)

5.9 Yebo kwakufanele-uNhleko wayelandela imiyalelo yabamphethe emsebenzini ababemtshele ukuthi angavumeli muntu ukuba angene kuleli gumbi. √√/ UNhleko wayethatha uSonto njengomunye wabasolwa kuleli cala ngakho-ke ukubona kwakhe umfundisi kwakungenzeka kuphazamise uphenyo. √√ (2)

5.10.1 D √/ UMbhele. √
5.10.2 C √/ UDlamini. √
5.10.3 B √/ Isigebengu. √
5.10.4 A √/ Unobhala. √ (4)

**KANYE**

## ISIQESHANA-J

5.11 Inkantolo yamthola engenacala uMaNsibande. √√ (2)

5.12.1 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Lo mdlalo wenzeka endaweni yasedolobheni, impilo ephilwa kule ndawo igcwele ubugebengu. √/
- Izingane zifunda ezikoleni ezixube izinhlanga. √/
- Izindlu zakhelene zisondelene, uDlamini umakhelwane uyakwazi ukubona konke okwenzekayo kwaMbhele. √/

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

5.12.2 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Lo mdlalo wenzeka esikhathini samanje, abantu bahamba ngezimoto futhi baphatha nezibhamu. √/
- Abantu besifazane nabo sebeshayela izimoto. √/
- Kulula ukubulala abantu, kanti izikhali ezisetshenziswayo izibhamu. √

Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

5.13 Ummeleli kulo mdlalo nguSonto, konke okwenzekayo kuzungeza kuye. Uvezwe njengomlingiswa oyisigebengu ongenza noma yini ukuze athole imali. √√ (2)

5.14 Ngiyavumela ngoba:
Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:

- Izigebengu zase zicabanga ukuthumba uZinhle ukuze ziphoqe uSonto ukuthi azikhokhele imali yazo. √/
- Kwakungenzeka ukuthi izigebengu zifike zibe nodlame kwaMbhele bese kudubuleka noZinhle. √/
- Kwakungenzeka ukuthi oMthofi bazame ukudubula uMbhele kanti uhamba noZinhle.√/
- Kwakungenzeka ukuthi izigebengu zibulale uZinhle ngoba zifuna ukuzwisa uSonto ubuhlungu. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

5.15 Yebo ngiyagculiseka:

Bonke abenzi bobubi baboshwa bagwetshwa kanzima. √√/
(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

5.16 Yebo, uphumelele:

Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- UMaNsibande wayekhona ngesikhathi kubalwa imali yomnikelo. √/
- UMaNsibande nguye owaqhamuka nombono wokuthi imali ihambe nomfundisi. √/
- UMaNsibande wagibelisa umfundisi emotweni yakhe ngalolu suku. √/
- Ubufakazi ayenabo uNhleko ngaleso sikhathi babukhomba ukuthi uMaNsibande waba ngumuntu wokugcina ukubona umfundisi ngobusuku adutshulwa ngabo. √ (2)

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi)

[15]

35

## ISIQEPHU D: IZINKONDLO

## AMAHLOKOHLOKO/IZINKWAZI ZOTHUKELA – EJ Mhlanga noJJ Thwala

## UMBUZO 8

8.1 **Inhlansi Yakho Thuli-SB Mlambo**

8.1.1 UNontando. √ (1)

8.1.2 Inkungu noma umoya onentuthu owenza umuntu angakwazi ukubona kahle. √ (1)

8.1.3.1 Endimeni yesibili kukhona ukuxhumana siqalo. √
Isib:
Ngakubona buqamama.
Ngakubona uyinhlansana. √ (2)

8.1.3.2 Imvumelwano siqalo. √
Isib:
Ngabuzwa ubulangulangu
Ngaziba, lakhula ilangabi. √ (2)

8.1.4 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:

- Imbongi yehluleka ukuluziba uthando eyayilizwa ngaphakathi. √
- Uthando luka Thuli lwakhula kakhulu enhliziyweni yembongi. √
- Imbongi yazidela amathambo, yize yayinokwesaba, yatshela uThuli ngemizwa yayo. √
- Yalungisa amazwi ajulile eyayizonqoba ngawo uThuli. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (3)

8.1.5 OKUBILI kulokhu okulandelayo:

- Ingedla. √/
- Iwisa. √/
- Isijula. √ (2)

8.1.6. Yokhela, yalanguz' ilangabi. √
Ngaziba, lakhula ilangabi. √ (2)

8.1.7 Umoya wale nkondlo uxubile-Ekuqaleni kwenkondlo sithola umoya wokukhathazeka ngenxa yokuthi imbongi ishiwe nguNontando, kanti uma isiya ngasekupheleni inkondlo umoya uyashintsha kube ngowokujabula ngoba imbongi isizuze uThuli. √√ (2)

8.1.8 Yebo, iphumelele;
Indikimba yale nkondlo uthando. √
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Imbongi ikhathazekile ngenxa yokulahlekelwa ngumuntu ebithandana naye. √
- Iyalila ngenxa yokulahlekelwa. √
- Yize yayiphatheke kabi ngokulahlekelwa kodwa yavuka yazithatha yaphinde yaluthola uthando olusha. √
- Lokhu kuyasitshengisa ukuthi akulahlwa mbeleko ngakufelwa uma kuya kwezothando. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (3)

[18]

**KANYE**

8.2 **Ngingoweliba**

8.2.1 Iliba. √ (1)

8.2.2 Mibili. √ (1)

8.2.3 UJesu. √ (1)

8.2.4 Izihlobo nabangane. √√ (2)

8.2.5 Ukuhlonipha.√√/Isihlonipho. √√ (2)

8.2.6 Ukuvuka kwabafileyo.√ √
(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

8.2.7 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Izihlobo nabangani bakhuluma ngokulahlekelwa kwaba ngenxa yokufa kwembongi.√
- Bayofakazelana basho izinto ezinhle ngembongi. √
- Yize kunjalo imbongi iyakugcizelela ukuthi wonke umuntu umelwe ngukufa, √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi)

(2)

(a) Umphefumulo awunandawo emhlabeni. √√ (2)

(b) Kusho ukonakala kwento engenakulungiswa, ukufa komuntu akuyona inking engaxazululeka. √√ (2)

8.2.8 **Yebo kukhona abangakuzuza:** Inkondlo iyasivezela ngokusobala ukuthi kuhle sinyathele ngesizotha lapha emhlabeni ngoba ngelinye ilanga sizofa. √√ (2)

[17]

**AMAMAKI ESIQEPHU D: 35**
**AMAMAKI ESEWONKE: 70**